

Nazoke!

incorporating Nanko Phela!



by Lungisani Kunene & Sandra Land

illustrated by Kathy Arbuckle & Kerry Jenner

Nazoke!



incorporating Nanko Phela!

written by
Lungisani Kunene and Sandra Land

illustrated by
Kathy Arbuckle and Kerry Jenner

NEW READERS PUBLISHERS

Nazoke! (incorporating Nanko Phela)

First published 1999 by
New Readers Publishers
School of Adult and Higher Education
University of KwaZulu-Natal, Durban, 4041
South Africa

© Centre for Adult Education, School of Adult and Higher Education, University of
KwaZulu-Natal, Pietermaritzburg

Produced by the Literacy Support Programme and the Learn with Echo Project of the
Centre for Adult Education, School of Adult and Higher Education, University of
KwaZulu-Natal, Pietermaritzburg.

Cover illustration by Kathy Arbuckle
Computer enhancement by Lesley Lewis

Design and layout by Lesley Lewis, Inkspots, Durban
Printed by Pinetown Printers, Pinetown

Reprinted: 2005

ISBN: 1-86840-296-7

Contents

Dear Reader

Ndlovu's luck
MaShezi's car
Child from the city
Sipho's car
Accident
Kubheka's vigil
Sipanela's accident
No! I wanted leather
Sindile
Amen! Hallelujah!
There was a noise
outside



A new way to look
for work
The Dlamini's have a
holiday
Saved by an ox
Zondo's courage
Trickery at the store
The flashy car was
wrecked
Sam's plan

Okuphakathi

iv Mfundisi othandekayo

1 Inhlanhla kaNdlovu
4 Imoto kaMaShezi
6 Umntwana wasedolobheni
9 Imoto kaSipho
12 Ingozi
15 Umlindelo wakaKubheka
18 Ingozi kaSipanela
22 Cha! Bengifuna umledasi
25 Usindile
30 Ameni! Haleluya!
34 Kwakukhona umsindo
ngaphandle



39 Indlela entsha yokufuna
umsebenzi
42 Abakwa-Dlamini bayodla
iholide
45 Ukusindiswa yinkabi
50 Isibindimbumbulu sikaZondo
53 Ubuqili esitolo
56 Lwaphahlazeka
unyonyovu
60 Isu likaSam



Ndlovu's luck

Inhlanhla kaNdlovu

Ndllovu was desperate because he had no work. One day he got piece work. He earned a little money, and went to bet on the horses. He bet all his money on one horse. By a stroke of luck, he won R10,000.00. He was very happy!

He kept his ticket carefully in the pocket of his trousers. Then he went home to let his wife know that they were now rich. He said they should dress well to go and fetch the money. Before that they should burn their old clothes.

When they had done all this, they found that they had burnt the trousers with the ticket in them.



UNdllovu wayehlupheka ngoba wayenganawo umsebenzi. Ngelinye ilanga wathola itohwana. Wahola imali encane, wayesedlala amahashi. Wafaka yonke imali yakhe ehashini elilodwa. Ngenhlanhla wawina imali engu R10,000.00. Wajabula kakhulu!

Wagcina kahle ithikithi ekhukhwini lebhulukwe. Wayeseya ekhaya ukuyokwazisa unkosikazi ukuthi sebenothile. Wathi abagqoke kahle bayolanda imali. Ngaphambi kwalokho kufanele bashise izingubo ezindala.

Bathi sebekwenzile konke lokho bathola ukuthi sebeshise nebhulukwe elinethikithi.






MaShezi's car

Imoto kaMaShezi

MaShezi was going to town in her car. Suddenly a young man jumped in front of her car. He shouted, "Stop! Stop Madam! Your car is on fire at the back!"

Frightened, MaShezi got out, and went to see what was happening.

Quickly the young man got into the driver's seat, started the car and drove off in it.



MaShezi wayehamba edolobheni ngemoto yakhe. Ngokushesha kwagxuma insizwa ngaphambi kwemoto yakhe. Yathi, "Ima! Ima nkosikazi! Imoto yakho iyasha ngemuva!"

Waphuma ngokwethuka uMaShezi waya kobona ukuthi kwenzenjani.

Ngokushesha insizwa yangena esihlalweni somshayeli, yadumisa imoto yabaleka nayo.



Child from the city
Umntwana wasedolobheni

Vusi was born and grew up in the city. When he was still small, he went to visit his uncle in the country. His uncle had cows that were milked every morning. So, for the first time in his life, our hero saw cows being milked. He stood and watched and you could see that he was amazed and worried.

At breakfast time, they gave him some milk in a glass.



Uvusi wazalelwa wakhulela edolobheni. Kwathi esemncane wavakashela umalume wakhe emakhaya. Umalume wayenezinkomo ezisengwa njalo ekuseni. Okukuqala empilweni yakhe, unkabimalanga wabona kusengwa izinkomo. Wama, wabuka kubonakala ukuthi umangele futhi uthathekile.

Ngesikhathi sokudla ibhulakufesi bamnika ubisi ngengilazi.

He refused to drink the milk. He said he didn't want milk that came out of a cow, he wanted milk that came out of a bottle. That was the milk that he was used to.

They told him that, in fact, milk that came out of a bottle came out of a cow first. Even though he was told this, it made no difference.



Wangaba ukuluphuza ubisi. Wathi akalufuni ubisi oluphuma enkomeni, ufuna ubisi oluphuma ebhodleleni. Ilona kuphela ubisi alwaziyo.

Bamtshela ukuthi ingani lolubisi oluphuma ebhodleleni luqhamuka enkomeni. Noma esechazelwe kanjalo kwanhlanga zimuka nomoya.



Sipho's car

Imoto kaSipho

Sipho and his mother went to visit Johannesburg, where cars are stolen by thieves. When they got to Johannesburg, Sipho parked the car in the road and went to buy lemonade. He and his mother both went into the tearoom. They drank lemonade and they had bread and chips to go with it. They finished and wiped their mouths.

When they came out they could not see the car. Sipho asked his mother where the car was as though he had given the car to her, but some boys had stolen it. They



USipho nomama wakhe bavakashela eGoli laphe izimoto zebizwa amasela. Bathi befika eGoli, uSipho wapaka imoto emgwaqweni esayothenga unemenadi.

Bangenanomawakhe bobabili esitolo. Baphuza unemenadi besheba nesinkwa nama-chips. Baqeda, basula imilomo.

Bathi bephuma bangayibona imoto. USipho wabuza kumama wakhe ukuthi iphi imoto sengathi ubemnike yona, kanti abafana sebeyebile. Basangana ngenxa

were upset because they liked this smart car of his so much. Sipho looked everywhere but did not see it. He was so confused that he even looked for his big car in the rubbish bin.



yokulithanda kakhulu unyanyavu lwakhe. Wabheka yonke indawo uSipho akaze ayithola. Ngenxa yokusangana uSipho wabheka imoto enkulu ngisho nasemgqonyeni wezibi.



Accident

Ingozi

MaNgubane was travelling from town by kombi. She was tired and dozed a little. Suddenly she felt the kombi swerving over the road. There was the sound of a car crash and she was shaken about. She heard the people in the kombi crying and shouting.



U MaNgubane wayehamba ngekhumbi ebuya edolobheni. Wayekhathele ezela kancane. Ngokuphazima kweso wezwa ikhumbi ijikajika emgwaqeni. Kwezwakala umsindo wokushayana kwezimoto naye wanyakaziseka kakhulu. Wezwa futhi abantu phakathi ekhumbini bekhala, bememeza.

She was confused but then realised that the kombi that she had been travelling in was smashed. The people inside were badly hurt. We won't talk about the driver. He was dead.

The driver of the other car was also badly hurt and covered in blood. They waited for an ambulance for two hours. It arrived long after one of the passengers had died. He would have been saved if the ambulance had arrived quickly.



Walahlekelwa ingondo kancane, kodwa wabuya wabona ngokushesha ukuthi lekhumbi ahamba ngayo seyiboqokile. Abantu ngaphakathi sebelimele kakhulu. Ayisaphathwake indaba yomshayeli owayeseye koyisemkhulu.

Umshayeli wenye imoto ngale wayelimele kakhulu egcwele igazi. Balindela i-ambulense amahora amabili. Yafika ngesikade esefile omunye umgibeli. Wayengeke afe uma ngabe yayisheshile ukufika.



Kubheka's vigil
Umlindelo wakaKubheka

Mr and Mrs Kubheka lived happily in their house. Kubheka was good to his wife. He did not beat her as some husbands do.

Kubheka went to work in the mines. There was an accident and the hole collapsed. People were closed in at the bottom. Some died, some escaped. By mistake, the owners of the mine reported to Kubheka's home that he had died.

The wife cried and the people and the neighbours held a vigil. For two weeks they kept watch. While they were sitting at the vigil on Friday night, Kubheka arrived.



Umunzane nonkosikazi Kubheka babehlezi kahle emzini wabo. UKubheka wayemphethe kahle unkosikazi wakhe. Wayengamshayi unkosikazi wakhe njengamanye amadoda.

Ahambeke manje uKubheka ayosebenza ezimayini. Yenzeka ingozi umgodi wadilike. Abantu bavaleleka ngaphansi. Abanye bafa, abanye basinda. Ngephutha abanikazi bomgodi babika kwaKubheka ukuthi useshonile.

Unkosikazi wakhala, abantu nomakhelwane bazolinda. Kwadlula amasonto amabili belindile. Kwathi behlezi ngolwesiHlanu ebusuku emlindelweni waqhamuka uKubheka.

He saw that someone had died at his house. He felt terrible, and went inside with red eyes.

The people got a fright. Even the candles went out. The people ran out shouting, "Here is Kubheka's ghost coming in." He tried to call them back to tell them he wasn't a ghost, but they all ran away very fast.



Wabona ukuthi emzini wakhe kukhona oshonile.
Waphatheka kabi, wangena amehlo esebomvu.

Abantu bathuka kwacisha namakhandlela. Baphuma
bebaleka bethi, "Nasi isipoki uKubheka singena." Wazama
ukubabiza ebatshela ukuthi akasona isipoki, kodwa bonke
babaleka kakhulu.



Sipanela's accident

Ingozi kaSipanela

One day the Mbhele family and the Mthembu family went to have a picnic out in the country. They left their cars near a high cliff.

Without being noticed, Mr Mbhele's small boy, Sipanela, was playing with the gears of the car. Slowly, the car started moving towards the cliff.

Mr Mbhele looked around and got a fright when he saw his car with his son inside going towards the cliff. Everyone was so shocked that they could not move.



Ngelinye ilanga umndeni wakwaMbhele nowakwaMthembu bahamba bayongcebeleka endaweni esemaphandleni. Bashiya izimoto zabo eduzane newa elikhulu.

Kwathi kunganakiwe okungumfanyana kamnumzane uMbhele, uSipanela wabesexakazisa amagiya emoto. Kancane imoto yabeseyisuka iqonde eweni.

Umnumzane uMbhele waqalaza, wethuka lapho ebona imoto yakhe nomfana phakathi iqonde eweni. Bonke babethukile, abanganyakaza.

Mbhele jumped up and ran to try to hold his car which was hanging over the cliff. He tried to take hold of it, but in vain. The car smashed at the bottom of the cliff.



UMbhele wasuka, wagijima ezama ukubamba imoto eyabeseyilengele eweni. Wathi uyayibamba, kwahlanga zimuka nomoya. Hawu, imoto yaphihlizeka phansi eweni.

Everyone ran, wailing and crying, to the bottom of the cliff. They got there and found that the car was badly smashed. They were very afraid, but then Sipanela got out unhurt. Everyone was amazed because they thought that he would be dead.



Bonke abantu bagijima bememeza kuwubuhewuhewu beqonde phansi eweni. Bafika phansi eweni bathola ukuthi imoto iboqoke yaphela. Bashaywa uvalo olukhulu, kodwa uSipanela waphuma engalimele. Bonke bamangala ngoba babecabanga ukuthi ufile.



No! I wanted leather

Cha! Bengifuna umledasi

Nkosi was Mkhize's son. Nkosi was alright, but if you badmouthed him you would get into trouble because he was a tough guy. He had a very close friend, Simphiwe.

One day Nkosi and Simphiwe were at a party. They were happy because Mother Maphanga had given them meat. They saw a person lying by a gate while they were walking past. They thought that he was ill so they took him to Mrs Mkhize's so that they could telephone for an ambulance. Simphiwe covered him with a leather jacket that he had just bought for R1000.



UNkosi kwabe kuyindodana kaMkhize. UNkosi wayelungile kodwa uma uke wambhedela ungahlangana nezimbila zithutha ngoba wayeyisigwebedla. Wayenomngani wakhe ababengamathe nolimi, uSimphiwe.

Ngelinye ilanga uNkosi noSimphiwe babesemcimbini. Babejabulile ngoba umama uMaphanga wayebagidlabeze ngenyama. Kwenzeka babona umuntu owayelele ngasesangweni sebehamba. Bacabanga ukuthi uyagula bamthatha bamuyisa kunkosikazi kaMkhize ukuze abize i-ambulense ngocingo. USimphiwe wamembesa ngejakhethi yesikhumba ayesanda kuyithenga ngo-R1000.

They all went into the house, leaving the sick one lying outside. Mkhize's wife called the ambulance. After a few moments they went out. They saw that he was not where they had left him. They were all confused and Mkhize's wife asked Nkosi to look behind the house and even underneath a stone. There was no sign of him. They ran around until they found him at the taxi rank. They asked him what was going on. He said, "No, brothers, I liked Simphiwe's jacket and I didn't know how I could get it."



Bonke bangena endlini, bashiya ogulayo elele
ngaphandle. Unkosikazi kaMkihize wabiza i-ambulense.
Emva kwemizuzwana baphuma. Babona ukuthi akasekho
lapho bebemshiye khona. Basangana bonke nonkosikazi
kaMkhize wacela uNkosi ukuthi makabheke ngemva
kwendlu, futhi abheke nangaphansi kwetshe. Lutho
eluthela. Bagijima baze bamthola e-renki yamakhumbi.
Bambuza ukuthi kwenzenjani. Wathi, "Cha bafowethu,
bengizithandela ijakethi kaSimphiwe ngingazi
ngizoyithola kanjani."



Sindile

Sindile

Ngcobo was very happy because his wife was going to have a baby boy. This had been predicted by a sangoma. His wife went to hospital and she did have a boy. They thought of the name Shukela for him, because Ngcobo liked sugar very much. He said it gave him strength. He also bought a red blanket specially for Shukela.

At home Ngcobo was a very busy person getting ready for the arrival of the child. He invited many of his friends and neighbours to his home. It was pleasant.



UNgcobo wayejabulile kakhulu ngoba unkosikazi wakhe wayezothola umntwana womfana. Lokhu wayekutshelwe yisangoma. Unkosikazi wakhe wahamba waya esibhedlela wathola umfana ngempela. Bacabanga uku mbiza ngoShukela ngoba uNgcobo wayethanda ushukela. Wabe ethi umnika amandla. Wathenga nengubo ebomvu kaShukela.

Ekhaya uNgcobo wayematasatasa elungiselela ukuza komntwana. Wamema abangani bakhe abanangi nomakhelwane ekhaya lakhe. Kwakumnandi.

After a while his wife and the baby set off for home from hospital. While she was on the way home with the baby, the wife thought she would go to the toilet to relieve herself. She saw a woman she did not know and asked her to hold the child while she went to the toilet.



Emva kwezinsukwana unkosikazi nomntwana bevela esibhedlela babheka ekhaya. Wathi esahamba naye unkosikazi eqonde ekhaya, wabesethi akadlule endlini encane azikhulule. Wabe esebona omunye unkosikazi angamazi, wamcela ukuthi ambabele ingane usaya endlini encane.

This strange woman saw that she was in luck. For a long time she had wanted children and not had them, so she stole this child of Ngcobo. When Ngcobo's wife came out, she saw that this woman had run away with the child. She cried and went to report what had happened to the police. She described how the woman was dressed.




Lonkosikazi angamazi abone ukuthi unenhlanhla. Kade ebafuno abantwana engabatholi, wabesemntshontsha lomntwana kaNgcobo. Wathi ephuma unkosikazi kaNgcobo wabona ukuthi lonkosikazi useshaye utshani nomntwana. Wakhala, wayakobikela amaphoyisa. Wachaza indlela akade eggoke ngayo lonkosikazi.

At the bus stop a woman who had been lying in hospital with Mrs Ngcobo recognised Fuze's child because it was wrapped in a red blanket. (Fuze is a praise name for the Ngcobos). She had heard of the loss of the child. She went up to the woman, took the child and took him to the Ngcobos. Everyone at the Ngcobo home was happy. Ngcobo changed his mind and changed the name of the child. He would no longer be Shukela, he would be Sindile (which means saved).



Ngenkathi esesitobhini umama owayelele nonkosikazi Ngcobo esibhedlela wabona ngengubo ebomvu esonge umntwana ukuthi umntwana kaFuze lo. Wayesezwile ngokulahleka komntwana. Waqonda kulosisi wathatha umntwana, wamusa kwaNgcobo. Bajabula bonke kwaNgcobo. UNgcobo washintsha umqondo, waseshintsha igama lomntwana. Akangabe esaba uShukela waba uSindile.



Amen! Hallelujah!

Amen! Haleluya!

While Mkhize and Dladla were in the car, Dladla told Mkhize about something that had happened to his friend Mshengu. Here is the story that shows how quick Mshengu's mind was.

Mshengu was hired as a guard in the firm of Mr Smith. Mshengu was a person who worked at night, so it would have been right for him to sleep in the day, but he did not sleep. He chose to bet on the horses.



Ngesikhathi uMkhize noDladla behamba ngemoto, UDladla waxoxela uMkhize indaba eyenzeka kumngani wakhe uMshengu. Nayi indaba ekhombisa ukushesha kwengqondo kaMshengu.

UMshengu lona wayeqashwe njengonogada efemini kamnumzane uSmith. UMshengu wayengumuntu osebenza ebusuku, bese kufanele alale emini, yena angalali. Wakhetha ukuyodlala amahashi.

One night he was very tired and he was going to be on guard duty at night. Just like every night, Mshengu was ambushed by sleep. It caught him and did not let him go. Whilst Mshengu was sleeping, he dreamed that he was sleeping at work. He dreamed that he was caught by his boss and that he had been fired.

Mshengu got a fright and woke up without getting up out of the chair he was sitting in. This helped him a lot because when he looked he saw the red shoes of his boss. He saw that something was wrong. He thought quickly of a plan. Then Mshengu-Shabalala said, "Amen! Hallelujah!" He pretended he had been praying, yet he had been sleeping and dreaming.

Smith was so happy he nearly died. He said, "So you pray, Mshengu, when you leave work?" Mshengu replied, "Prayer is my food every day."

Ngobunye ubusuku wayekhathele kakhulu wayezogada ngalobo busuku. Njengemihla yonke uMshengu wazunywa iqhawwe elingubuthongo. Lambamba langamdedela. Eselele uMshengu waphupha elele emsebenzini. Waphupha ebanjwa umphathi eze exoshwa.

Wathuka waphaphama uMshengu akangaphakama esihlalweni ayehlezi kuso. Lokhu kwamsiza kakhulu ngoba wathi uyabheka wabona izicathulo ezibomvu zomphathi wakhe. Wabona ukuthi sekonakele. Wacabanga masishane isu. Wezwakala uMshengu-Shabalala ethi, "Ameni! Halleluya!" Wenza sengathi ubethandaza, kanti ubelele ephupha.

USmith wajabula wafa. Wathi, "Kanti uyathandaza Mshengu uma uphuma emsebenzini?" UMshengu waphendula wathi, "Umthandazo ukudla kwami kwansuku zonke."



There was a noise outside

Kwakukhona umsindo
ngaphandle

Mr Mkhize's father had long ago left the earth. Left behind was only his mother, MaZondi. Young Mkhize was married. His wife loved him very much, and she was a plump lady called Jabulile Dlamini.

It was the weekend and Mkhize had been drinking. Mkhize's wife was sitting with her mother-in-law in her room on the verandah. While they were sitting there, Mkhize went outside.



UBaba kaMkhize kade wasishiya emhlabeni. Osesele ngumama wakhe kuphela, uMaZondi. UMkhize wayeseshadile. Inkosikazi yakhe yayimthanda kakhulu futhi iyisidudula, uJabulile uMaDlamini.

Kwakuyimpelasonto, uMkhize wayekade ephuza. Unkosikazi kaMkhize wayehleli nomamezala wakhe ekamelweni elisevulanda. Kwathi besahlezi lapho, uMkhize waphumela ngaphandle.

In Mkhize's face you could see that there was something that he was thinking about. When no-one was expecting it, Mkhize's wife heard a small sound outside and said to her mother-in-law that there was something outside. Her mother-in-law took no notice, just saying, "Oh no Jabu, you are worrying yourself about nothing. It is just the noise of drunk people passing in the road."



Ebusweni bukaMkhize kwakubonakala ukuthi kukhona into ayicabangayo. Kwathi kungazelele muntu, unkosikazi kaMkhize wezwa umsinjwana ngaphandle, wasetshela umamezala ukuthi kukhona into ngaphandle. Umamamezala wakhe akanakanga lutho wathi nje, "Ayi, suka Jabu, uzihlupha ngobala. Abantu nje abaziphuzele laba abadlula ngendlela."

After some moments Mkhize's wife said again, "Hhayi-bo, no really, Mother, there is a small noise outside, going mmh, mmh, mmh... ."

"Let me go and see," said MaDlamini and she went out.

When she got outside she found something amazing. There was Mkhize hanging from a rope. Everything went dark for this woman. She couldn't see properly when she saw her husband hanging like that. She made a noise and shouted for her mother-in-law. The mother-in-law came out, walking with a stick, and went towards where Mkhize was hanging. She whacked him with her stick and shouted, "What are you doing?"



Emva kwemizuzwana aphinde futhi unkosikazi kaMkhize athi, "Hhayi-bo, Mama, kukhona umsinjwana ngaphandle, othi mmh, mmh, mmh... ."

Athi-ke uMaDlamini, "Ake ngihambe ngiyobheka." Aphume.


Uma efika ngaphandle wathola insumansumane.

Kwakukhona uMkhize ezilengise ngentambo. Sekuthe ukuba mnyama kunkosikazi. Wayengasaboni kahle, uma ebona indoda yakhe ilenga nje. Wabanga umsindo, wakhala wayobiza urnamezala. Waphuma urnamezala edondolozela eqonde khona kuMkhize owayenza sengathi uyalenga. Wambhaxabula ngenduku ethi, "Wenzani?"

Mkhize quickly ran away and sat down in a chair, and then explained what was happening. He said, "Well, I wanted to see who would cry a lot if I died. So Jabs, my wife, I have seen that you would cry!"



Wasuka wabaleka uMkhize wayohlala esitulweni, wase esexoxa ukuthi kwenzenjani. Wathi, "Phela kade ngifuna ukubona ukuthi obani abayokhala kakhulu uma sengifile. Ayi-ke Jabs, ngibonile mkami, ukuthi uyokhala."



A new way to look for work

Indlela entsha yokufuna
umsebenzi

At Sobantu there is a big house which is old and has a chimney.

The owners were away. One night there was a racket at this house. The dogs barked. The neighbours, Mr Mncwabe and Mr Dlamini, came to see what was happening, but they didn't see anything. Then it was quiet the whole night. The next day Mr Mncwabe heard crying and calling coming from the big house.

He went to see what was happening and he found a boy caught in the chimney. Mr Mncwabe and Mr Dlamini tried to get him out. They pulled him by the feet and by the head. After much fuss, they finally managed to get him out.

"Hawu! How did you get in there and what did you want?" asked Mncwabe.

The boy replied, "I was looking for work."

ESobantu kukhona indlu enkulu futhi endala enoshimula.

Abanikazi babengekho. Ngobunye ubusuku kwakukhona isiphithiphithi kulendlu. Izinja zakhonkotha.

Omakhelwane, abanumzane uMncwabe noDlamini bafika bezobona ukuthi kwenzenjani kodwa ababonanga lutho. Kwathuleka ubusuku bonke. Ngakusasa umnumzane uMncwabe wezwa ukukhala nokumemeza kuqhamuka emzini omkhulu.

Wayakobheka ukuthi kwenzenjani, wathola umfana ebambeke phakathi kushimula. Umnumzane Mncwabe nomnumzane Dlamini bazama ukumkhipha. Bamdonsa ngezinyawo nangekhanda. Emva komsebenzi omkhulu abasebewenzile bagcina bephumelele ukumkhipha.

“Hawu! Kungabe ungene kanjani lapho futhi ubufunani?” kubuza uMncwabe.

Waphendula umfana wathi, “Bengifuna umsebenzi.”



The Dlamini have a
holiday

AbakwaDlamini bayodla
iholide

They travelled for a while and then Dlamini saw that his engine was over-heating. He stopped the car and went to see what was happening. He opened the bonnet and saw that the fan belt was broken. He did not have a spare one.



Bahamba ibanga elide lapho uDlamini abona ukuthi injini yakhe isishisa kakhulu. Wase emisa imoto wayobheka ukuthi kwenzenjani. Wavula imoto ngasenjini. Wasebona ukuthi ibhande lokunyakazisa uphephela opholisa injini lase lingamukile. Wayengenalo elinye

The children began to cry because they thought that they weren't going to get to Mdloti beach.

While they were still sitting around, very disappointed, MaMdluli said she had an idea that would solve this problem. She took off her pantihose and cut them with a broken bottle. She tied them up to make a fan belt. Dlamini started the car and the family went on happily, shouting, "Viva women! Viva women!"



ayehlome ngalo. Abantwana baqala ukukhala becabanga ukuthi ngeke besaya olwandle lwaseMdloti.

Kwathi besahlezi bedumele, uMaMdluli wathi unesu elizobasiza baphume kule nkinga. Wakhumula i-pantihose yakhe, wayisika ngebhodlela eliphihliziwe. Wayibopha ukwenze ibhande lokunyakazisa uphephela enjinini. uDlamini wayidumisa imoto base behamba sewujabula umndeni, bamemeza, "Viva makhosikazi! Viva makhosikazi!"



Saved by an ox

Ukusindiswa yinkabi

MaCebekhulu and MaCele went with their children Celiwe, Caphuna and Cupha to Cofimvaba on the other side of Nciba. MaCele drove her husband's new car.

There had been heavy floods. When they were near Cofimvaba they found a river across the road. They thought it was not deep. MaCele said they would not turn back because they were so near to Cofimvaba. So she just closed her eyes and tried to drive the car through the river.



UMaCebekhulu noMaCele bahamba nabantwana uCeliwe, uCaphuna noCupha beya eCofimvaba phesheya kweNciba. UMaCele wayeshayela imoto entsha yomyeni wakhe.

Kwakukade kunezikhukhula ezinzima. Sebeseduze neCofimvaba bathola umfula onqamula emgwaqweni. Ababecabanga ukuthi awushoni. UMaCele wathi ngeke babuyele emuva ngoba sebeseduze kwaseCofimvaba. Wacimeza uMaCele, wangenisa imoto emfuleni, wazama ukuwela.

When they were in the middle of the river they saw that the car was getting swamped. The engine stopped. They were all in a panic. They got the children out and put them on the river bank. They ran around like chickens. They did not know what they were going to do.



Bathi lapho sebephakathi nomfula babona ukuthi imoto iyashona emanzini. Injini yacima. Bonke basebetatazela. Bakhipha izingane bazibeka eceleni nomfula. Bagijima ndawo zonke njengezinkukhu. Babengazi ukuthi bazokwenzenjani.

On the side of the river there was a man ploughing. He saw that they were in trouble and came to help them. He tied a rope to the car. Then he pulled it out of the water with his ox. The children danced and shouted because they were so happy to see the car come out of the river.




Eceleni komfula kwakukhona indoda eyayilima. Yabona ukuthi basenkingeni yeza ukuzobasiza. Yabopha imoto ngendophi. Yase idonsa ngenkabi yayo imoto yaphuma emanzini. Abantwana bajabula badansa, bememeza ngokubona imoto iphuma emanzini.

The man sat down and laughed and laughed. He said that he had always known that oxen were better than cars. He said they never ran out of petrol and could swim in rivers. And, best of all, old cattle gave you new ones.



Indoda yahlala phansi, yahleka. Yathi njalo beyazi ukuthi izinkomo zingcono kunezimoto. Yathi aziphelelwa uphethiloli, ziyakwazi ukuhlamba emanzini. Okukhulu kunako konke, ezindala zizala ezintsha.



Zondo's courage

Isibindimbumbulu
sikaZondo

Very early one morning Mkhize heard the chickens making a noise. So Gubhela (praise name for the Mkhizes) said he would go outside to see about the noise. When he got there he saw that there was a huge snake disturbing his chickens. He took his stick and hit the snake and it died. Then he took the snake and threw it out of his yard.

In the middle of the day, Mkhize's neighbour Zondo appeared, panting. He had been hitting the dead snake thinking that he was killing it. He took the snake and lifted it up and showed Mkhize, and he said, "I am a hero.




Ekuseni kakhulu UMkhize wezwa izinkukhu zibanga umsindo. Wathi akaphume uGubhela eyobheka lowomsindo. Wathi efika wabona ukuthi kunofeleba wenyoka ophazamisa izinkukhu zakhe. Wathatha induku yakhe wayishaya inyoka, yafa. Wayithathake inyoka wayiphonsa ngaphandle kwejalidi.

Emini kungazelele muntu waqhamuka umakhelwane kaMkhize uZondo ekhefuzela. Ubeshaya inyoka efile ethi uyayibulala. Wayithathake inyoka wayiphakamisa wayikhombisa uMkhize, ethi, "Ngiliqhawe. Sengibulale

I have killed this snake that nearly killed all the people. I saw it chasing a child and I followed it and killed it. I killed it using great skills that I learned at a Karate school in Japan.” He was lying.

Mkhize looked at this strange thing. He saw with surprise that Zondo was trying to trick him, making out that he had been a hero, a person who had no fear. Mkhize said to him, “Zondo, don’t play the fool. That snake is the one that I killed this morning.”

■.■.■.■.■.■.■.▶◀▶◀▶◀▶◀▶◀▶◀▶◀▶◀▶◀▶◀■.■.■.■.■.■.■.■.



lenyoka ecishe yabulala bonke abantu. Ngiyibone isukela ingane. Ngayilandela ngayishaya. Ngiyishaye ngobukhulu ubuchwepheshe engabufundela esikoleni sekarati eJaphani”. Esho eqamba amakhulu amanga aluhlaza.

UMkhize wabuka lesisimanga esenzakalayo. Wabona ngokumangala, ukuthi uZondo udlala ngaye, uzenza isiqhwaga, umuntu ongasabi. UMkhize wathi kuye, “Zondo, ungangenzi ingane. Lena inyoka engiyibulale ekuseni.”



Trickery at the store

Ubuqili esitolo

Mr and Mrs Mhlongo went to shop at a new store. They bought food and goods for a whole month.

When they came out with a trolley full of goods, two well-dressed men came up to them. One said, "We are happy for you because you are lucky! We have chosen you from a thousand people who buy here! We will refund you the money you used to buy this food.



U Mnumzane nonkosikazi Mhlongo babeyothenga esitolo esisha. Bathenga ukudla nempahla kwenyanga yonke.

Sebephuma nenqola egcwele impahla, amadoda amabili agqoke kahle asondela. Yathi enye, "Siyanibongela ngokuba nina ninenhlanhla! Sikhethe nina kwizinkulungwane zabantu abathenga lapha! Sizonibuyisela imali enithenge ngayo lokhu kudla.

Let me take your picture at the corner while the food in the trolley is being recorded by my friend."

This fellow took their picture. They were very happy to hear about their good luck. Then he said they should wait on a bench while he went to fetch them a cheque.


They sat and waited for a long time. They went to look for the man with the camera and they found that the thieves had run away.



Anginithathe isithombe ngasekhoneni ngenkathi ukudla okusenqoleni kusabalwa umhlobo wami."

Umlisandini wabathatha isithombe. Bajabula kakhulu ukuzwa ngenhlanhla yabo. Wayesethi abalinde ebhentshini lapha esaye kobalandela isheke.

Bahlala balinda isikhathi eside. Baya koyibheka indoda nomshini wokuthatha izithombe, bathola ukuthi amasela aseshaye utshani.



The flashy car was
wrecked

Lwaphahlazeka unyonyovu

After Sipho had been working in Joburg he visited Durban. He went with his mother to pay accounts. They went in a very flashy car. They arrived in the morning when the traffic police were very hot on the job. Sipho just parked his car in a “no parking” place. Just because he was driving a flashy car, he simply parked anywhere. He didn’t care.

They went into a store and Sipho’s mother paid her account. The account was high because she liked things to wear.



Emva kokuba uSipho esesebenze eGoli wavakashela eThekwini. Wahamba nomama wakhe beyokhokha izikweletu. Babehamba ngalo phela unyonyovu lwemoto. Bafika eThekwini kusesekuseni namaphoyisa omgwaqo esashisa kakhulu. Nangoke uSipho esepaka imoto lapho kungapakwa khona. Phela njengoba ehamba ngonyonyovu upaka noma ikuphi, akanaki.


Bangena esitolo umama kaSipho wakhokha izikweletu. Isikweletu sasisikhulu ngoba wayezithanda izimpahla zokugqoka.

They came out of the store and went to get into their flashy car. They looked about but could not see the car. When they looked up, they saw it being towed away by the traffic police. Sipho had parked in a “no parking” area. Sipho shouted but it was no use. When the police car turned a corner, Sipho’s car crashed down and was totally wrecked. Sipho’s car was a Mercedes and had cost a lot, but that is how it was wrecked, this posh car of Sipho’s. They just had to return from Durban by train.



Baphuma esitolo sebeyongena onyonyovini. Baqalaza lutho ukuyibona imoto. Uma bevusa amehlo bayibona idonswa imoto yamaphoyisa omgwaqo. USipho wayepake endaweni okungapakwa kuyo. uSipho wamemeza kwanhlanga zimuka nomoya. Yathi lapho ijika ikhona imoto yamaphoyisa, imoto kaSipho yaphahlazeka phansi yaphela nya. Phela imoto kaSipho yayiMesedisi, yayibiza kakhulu, kodwa yaphahlazeka kanjalo unyonyovu lukaSipho.

Basale sebebuya ngesitimela eThekwini.





Sam's Plan

Isu likaSam

Sam was desperate. He beat his fists on the steering wheel. He told the young conductor shouting for customers to shout louder. Then he counted the money again. No mistake, he was R100 short for sure. This was deep trouble. It was his first day as a kombi driver for Bra Styles. Bra Styles wanted R200 from the kombi every day and Sam had only R100. And everyone knew how mad Bra Styles could get.



USam wayexakekile. Washaya isiteringi ngenqindi. Watshela usicabha, owayebiza abagibeli ukuba amemeze kakhulu. Wabala imali futhi. Ngempela ngempela wayeshoda ngo-R100. Wayesenkingeni enkulu. Kwakuwusuku lwakhe lokuqala ukushayelela uBra Styles. uBra Styles wabefuna u-R200 njalo ngosuku wekhumbi, kanti uSam uno u-R100 kuphela. Wonke umuntu wabazi ukuthi uBra Styles angavutha umlilo kanjani.

Sam started to count the money again, just in case he had counted wrongly. Then there was a shout from another kombi. "Heita Bra! Heyi, we are both kombi drivers now. Sharp! Ish ... your tyres! Yo, I wish my kombi had those tyres!" It was Mzi.

Sam decided straight away to sell the tyres. "You can have them," he said. "Give me your old tyres, and R200. Then you can take these new ones." This way he would have the money for Bra Styles and some left over. Sam told himself, "I'll drive all night, then I'll get money to buy new tyres before Bra Styles finds out."



USam waphinda wabala imali ecabanga ukuthi ubale kabi. Kwabakhona ukumemeza kwenye ikhumbi. "Heita Bra! Heyi, sobabili singabashayeli bamakhumbi manje! Sharp! Ish . . . amathayi akho mahle! Yo, ngifisa sengathi ikhumbi yami ingaba nalawo mathayi!" Kwaku uMzi.

USam wanquma ngaso lesosikhathi ukuthengisa amathayi. "Ungawathatha Bra," esho njalo. "Nginikeze awakho amadala, no-R200. Bese uthatha lawa amasha." Ngalendlela-ke wayenza imali kaBra Styles, bese kuthi esalayo kube eyakhe. USam wazitshela, "Ngizoshayela ubusuku bonke, ukuze ngithole imali yokuthenga amathayi amasha ngaphambi kokuba uBra Styles athole."

Quickly Sam and Mzi switched the tyres on the two kombis. Mzi was very pleased with their deal. He said, "Eyi, the owner of my kombi will be happy when I tell him I got these new tyres from you! For only R200!" He jumped into his kombi and started it.

A bad thought hit Sam. "Who owns your kombi?" he shouted as Mzi disappeared into the traffic. He could just hear Mzi shout from far off . . . "Bra Styles!"



Ngokushesha USam noMzi bashintsha amathayi amakhumbi omabili. UMzi wathokoza ngalokhu kushintshisana. Wathi "Eyi, umnikazi wekhumbi yami uzojabula uma ngimtshela ukuthi ngithole lamathayi amasha kuwena! Ngo-R200 kuphela! " Wangena ekhumbini yakhe, wahamba.

Umcabango omubi wamfikela uSam. "Ubani umnikazi wekhumbi yakho?" ememeza ngesikhathi uMzi esithwa ezinye izimoto. Wezwa nje uMzi ememeza kude le . . . "UBra Styles!"

Nazoke!

First published 1999 by New Readers Publishers

Copyright © 1999, 2019 New Readers Publishers

Authors: Lungisani Kunene and Sandra Land
Illustrations: Katherine Arbuckle and Kerry Jenner
Design: Lesley Lewis

Original print version ISBN: 1-86840-296-7

This publication is available under an Open Access Creative Commons licence:
Attribution-NonCommercial-NoDerivatives 4.0 International (CC BY-NC-ND 4.0)



<https://creativecommons.org/licenses/by-nc-nd/4.0/legalcode>

By using the content of this publication, the users accept to be bound by the terms of use of the licence. You are free to share (that is, copy and redistribute the material in any medium or format) as long as you follow these licence terms:

Attribution (by): You must give appropriate credit to New Readers Publishers and provide a link to the license.

Non Commercial (nc): You can copy, distribute, display, perform, and use this material for any purpose other than commercially (unless you get permission first). Non Commercial means not primarily intended for or directed towards commercial advantage or monetary compensation.

No Derivatives (nd): If you remix, transform, or build upon the material, you may not distribute the modified material. But note that simply changing the format does not create a derivative.

NEW READERS PUBLISHERS

New Readers Publishers develops and supports adult literacy and basic English Second Language skills by producing easy to read books in all South African languages for the entertainment and education of adult new readers. Many of the books are also suitable for younger readers.

New Readers Publishers is a non-profit publishing project originally started in 1991 and housed at the Centre for Adult Education at the University of KwaZulu-Natal in Durban until 2014.

It is now an independent initiative which makes digital versions of New Readers Publishers books in all South African languages available online. The use of these e-versions will be free for non-commercial purposes via a Creative Commons Licence (see imprint page for more details).

How to contact us

If you want to find out more about New Readers Publishers please look at our website:

<http://newreaders.co.za>

or email us at:

newreadersdurban@gmail.com